



GRAIN SA
GRAAN SA

Uokthoba
2011

PULA IMVUILA

Abakhiqizi bangumgogodlo wezwe lethu

Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo

FUNDA NGAPHAKATHI:

- 3 > Ukuhlelwa kokuma kwezi-mali ngokwamanje lapho kulungiselwa (kwakhiwa amasu) ukukhiqiza umbila ngonyaka ozayo
- 6 > Cabanga ukusebenzisa umshini ofafazayo ukubulala ukhula
- 8 > Isikhatshi sokuhlola ukuqina komhlabathi

UKULIMA KWAKUNGUMSEBENZI WOKUQALA EMHLABENI FUTHI KWAKUNGUMLAYEZO OVELA KUNKULUNKULU. KUBALULEKILE EMPILWENI. NGAKHO-KE KUBALULEKILE UKUTHI THINA ESINGABAKHIQIZI SIBHEKE LO MSEBENZI WETHU NGAMANYE AMEHLA SIBONE UKUTHI UYADINGEKA FUTHI UNGUMSEBENZI OBALULEKE KAKHULU.

Akufanelekile ukuthi siqonde nje ukuthola inzuzo (imali) nokwandisa umkhiqizo kuphela, kungcono ukucabanga ngokukhiqiza izitshalo nokudla okunekhwalithi elihle elizonikeza abanye abantu ukudla okuzobumba umzimba wabo baphile impilo enhle.

Abakhiqizi banikela kanjani okokusiza umnotho wezwe?

- Banikela okokusiza okukhulu emnothweni wezwe nasebhajetini lesizwe.
- Lapho abakhiqizi bahlangane banikeza imisebenzi kubantu abaningi ezweni elidinga izindawo zokusebenza ngoba baningi abantu abangenawo umsebenzi.
- Abakhiqizi batshala ukudla okunekhwalithi elihle okuphilisayo futhi okusiza ukuqinisa ukudla wezwe nakusasa.

- Ezindaweni eziningi ezweni abakhiqizi banikela okokusiza kwezomnotho kuwo wonke umuzi lapho bahlala khona futhi bayadingeka ngempela empilweni yezinto zomnotho emadolobheni eduze nabo nasezweni lonke.
 - Abakhiqizi bangabalondolozisi bomhlaba wethu, abakhiqizi abasebenza kakhulu ukuvikela umhlabathi, umoya, amanzi nalapho lezi zinto zihlangana khona ukuqinisa ukuthi kuzokwazi ukukhiqizela izizukulwana zakusasa futhi.
 - Umkhiqizi uyazisebenzela ukuthola ukudla kwakhe, ukhiqizela abanye ukudla, usebenza yedwa akasizwa ngabanye, usebenza ngamandla, usondelene nesigodi sezwe lapho esebenza khona futhi uthembeka njalo. Umkhiqizi ubumbazela (wenza) umbila, ubhekilanga noshukela ngokusebenzisa ukukhanya kwelanga kuphela!
- Ngokwaleka abakhiqizi abaningi njengamanye amabhizinisi bezwa ubuhlungu ngenxa ukwehla okukhulu kokwezimali emhlabeni wethu nasemhlabeni jikelele.
- Lapho sibona ukuthi ngokwamanje izindleko zokulima ziyakhuphuka njalo futhi intengiso yokudla okukhiqizwayo ekulimeni iyehla, siyabona futhi ukuthi abaningi abalimi bangeke bakwazi ukuqhubeka



2



6



Unkz Jane uthi...

Ngokwedlula kwesikhathi kufanele sime sizibuze ukuthi senzani. Uma sifuna ukuthola impendulo ekhanyayo, kufanele sisho futhi ukuthi kuyini esingakwenzi. Masiqale ukuhlola lokho esingakwenzi:

- Asisebenzisi abankontilaki abamhlophe emapulazini abantu abamnyama.
 - Asilimeli abantu.
 - Asizami ukupha abantu abalimile ngaphambi kwayizolo amathuba ukuphinda ukulima.
 - Asisazami ukwenza izinto ezihlobisayo kuphela (*window dressing*).
 - Asizami ukuthola izinhlamvu zeBEE ngoba kukhona abantu abazithengayo lezi zinto.
 - Asizami ukuthola izinhlamvu zeBEE ngoba kukhona labo abanikeza izinto.
- Kodwa, kuyini esikwenzayo? Thina senza lokhu okulandelayo:
- Sithuthukisa abakhinqizi abamnyama – abazisebenzela ngokwamanje nangokusasa.
 - Siqeqesha abakhinqizi abamnyama ukuqonda nokuthola ukuthi ziyini izizathu zokwenza umsebenzi wokulima.
 - Sibhibhizela abakhinqizi ukusebenzisa izingcebo zemvelo ngokugcwele.
 - Sikhombisa abakhinqizi abamnyama ukunaka umhlaba bawusebenzisayo.
 - Sisekela abantu ngalokho abanakho, sibasiza ukuthola inzuzo yokuphila nokukhinqiza ukudla kwabo, umuzi wabo nezwe labo.
 - Sibasiza ukushintsha ubuso bokulima – sifuna basuke ebusweni lapho kukhona abalimi abamhlophe kuphela, sifuna ukuthi bonke abantu lapha ezwini lethu balimele thina sonke.
 - Sisiza abantu abanomhlaba - umhlaba womuzi wonke, umhlaba oqashiweyo noma labo abanomhlaba (amapulazi) wabo ukusebenzisa lowo mhlaba ngendlela ezoletha inzuzo nakusasa.
 - Ukuzama ukusebenzisana nayo yonke iminyango kagavumente ukuhlenganisa ukusekela okunikezwa kubalimi.
 - Ukwakha amasu ukuze abalimi bazokwazi ukuthola imishini.
 - Ukwakha amasu ukuthola amagranti kuleyo minyango.

Kulukhuni kimi lapho ngizwa ukuthi abantu balimela abakhinqizi abamnyama. Kukhona abantu nezinhlangano ezisebenzisa umhlaba wabantu abamnyama ukuthola inzuzo, bese bathi lokhu “kungukuthuthukisa abakhinqizi abamnyama”. Uma ungumkhinqizi omhlophe osebenzisa umhlaba wabantu abamnyama – qasha lowo mhlaba, khokha imali efanelekile, vuma ukuthi uqasha umhlaba futhi uyazilimela. Sicela ukuthi ungenzi ngathi usiza abanye abakhinqizi.

Abakhinqizi bangumgogodlo wezwe lethu

ukukhokhela izikwenetu zabo zamapulazi ngezikhathi ezivunyelwe.

Kanjalo-ke ngokwamanje kuzoba nzima ukuboleka imali ezosetshenziswa isikhathi eside – lokhu kudala ezinye izinkinga lapho umkhinqizi ezama ukuqhubeka ngomsebenzi webhizinisi lakhe.

Kuliqiniso elibi kodwa abakhinqizi bacindezekile ukuboleka imali ukuqhubekela phambili – ukukhokhela izimbewu, ukudla kwezimfuyo nokunye okudingekayo ukungenisa izitshalo emhlabathini ukuze zimile.

Ngenxa ukungaqini kwenani lezintengiso emakhetheni zezivuno nezinkinga ezihambelana nezingozi zezulu, isiqiniso saleyo mali efakiweyo ayinayo igaranti. Izinhlangano ezivame ukubolekela abalimi imali seziyesaba ukunikeza abalimi imali futhi babamba imali yabo ngokuqina.

Kanjalo-ke kufanele siqhubeka siphindaphinde ukucela ugavumente ukusekela abakhinqizi ngezimali ezibolekwayo ngendlela eqinile, enhle enomphumelo lapho kukhinqizwa khona ukudla.

Inani lezintengiso emakhetheni aliqinile – liyehla bese liyakhuphuka – lapha sikhuluma ngentengiso yokudla nangezindleko zokukhinqiza njengomanyolo, izimbewu, ukudla kwezimfuyo nezinye izinto ezidingekayo epulazini libeka umkhinqizi endaweni yezimali enzima ngoba yena akanamandla ukuphatha okuvezwayo nokubizwayo ekudleni okukhinqizwa epulazi. Lapho intengiso yokudla okukhinqizwa ngumlimi iyehla, awungeke ukubone lokhu

emashelfini – lokhu kuvusa izinsolo ezithi kusizakala abathengi bokudla nabanye kuphela, hhayi abakhinqizi nabathengi bokudla.

Lokhu kuzobathinta kanjani abantu baseNingizimu Afrika?

Uma abakhinqizi balahlekelwa amabhizinisi namakhaya abo futhi abakhinqizi abasha bahluleka ukungena kulo msebenzi, kuzobathinta kabi bonke abantu base Ningizimu Afrika. Abakhinqizi bangumgogodlo wesizwe sethu futhi bayisinyathelo sokuqala sezikhwelo sezimali. Uma amabhizinisi okulima ashona phansi, namabhizinisi amakhulu azoshona phansi. Okuphambene nalokhu kuyiliqiniso futhi – uma kukhula amabhizinisi asemapulazini namabhizinisi amakhulu ayakhula, nezigodi zomuzi ezinamabhizinisi ziyakhula.

Abakhinqizi badala ingcebo ngempela, inani eliqobo ngokusebenzisa izimbewu nokushisa kwelanga bese basilethela izinto ezisiza umzimba wethu (ukudla) nempilo yethu ngokwezimali. Lokhu ukwakha komndeneni wasemapulazini kuyadingeka uma sifuna izwe eliqinile elikhulayo. Uma silahlekelwa umkhinqizi oyedwa nje noma senza izinto zibe nzima kulabo abasha abafuna ukungena ekuhlaleni, noma singasekeli labo abasaqala ukulima, sifaka imvelo yethu, ukulondeka kwezwe lethu nezimo zezimali zethu engozini.

UJENNY MATHEWS, USIHLALO SEPHROGRAMU LEGRAIN SA FARMER LOKUTHUTHUKISA ABALIMI



Umkhinqizi ulima njalonjalo kodwa awungeke umbone etshala? Ubhuqa umhlabathi sonke isikhathi kodwa akaze atshale? Akafiki ekugcineni endaweni lapho etshala zonke izinhlobonhlobo zezitshalo aziphethe ezindaweni zazo emasimini? Umkhinqizi wazi kahle ukuthi kufanele enzeni ngoba uNkulunkulu umenze ukuthi abone futhi aqonde...

USomandla unguthisha omuhle onikeza umkhinqizi ukuhlakanipha.

UJesaya 28: 23 - 29.

Ukuhlelwa kokuma kwezimali ngokwamanje lapho kulungiselwa (kwakhiwa amasu) ukukhiqiza ummbila ngonyaka ozayo

AMANYE AMA-ATHIKELI ABHALWE LAPHA KUPULA/IMVULA AKHOMBISE IZINTO EZISEMQOKA LAPHO KUKHETHWA IZINHLOBONHLOBO ZEZITSHALO ZASEHLOBO EZIZOZWANA UKUMILA EPULAZINI LAKHO, LAPHA BEKUBHEKWA IZINGCEBO ZEMVELO EZIKHONA, UKUVUNDA KOMHLABATHI, UKWAKHA KWAMASU OKUSHINTSHANA KWEZINHLOBO ZEZITSHALO NENANI LENTENGISO LAZO NGAKUSASA. IMVULA/PULA YALE NYANGA INAMA-ATHIKELI ATHILE AZOTHINTANA NALABO BAKHIQIZI ABFAKE UMMBILA EMASWENI ABO LAPHO BEKHETHA IZINHLOBO ZEZITSHALO EZIZOTSHALWA NGONYAKA OZAYO.

Izintengiso zakusasa (*future prices*) zommbila obomvu nommbila omhlophe zishintshe zaba lukhuni ngoAgosti 2011, lokhu kukhombisa uhlelo lokuma kwezintengiso kusasa luzofika ku-R1 840 (ummbila obomvu) futhi luzofika ku-R1 815 (ummbila omhlophe) uma lowo mbila unikezwa ngoJulayi 2012. Singasho-ke ukuthi umkhiqizi uzokwazi ukufaka R1 615 ngethani lommbila ekhukhwini lakhe emva kokudonsa isihlukaniso sentilansipoti esingafika ku-R215 noma ku-R225 ngethani.

Inani lommbila ongathengiswa phesheya lingafika ku-R1 717 ngethani. Lokhu kubizwa ngokuthi intengiso ekhonjiswayo elingana nentengiso phesheya (*export parity price*). Ummbila othengwa phesheya ukuwuletha

lapha eRandfontein ubiza R2 894 ngethani. Singavumelana-ke ukuthi intengiso yamanje neyakusasa phakathi ezweni lethu imiswe phezu kwenu nani lentengiso phesheya.

Lokhu kukhombisa ukuthi kusekhona ummbila omningi kakhulu emaketheni lethu ngaphakathi kwezwe lethu, futhi kukhona ukubheka phambili ngokukhanyayo ngoba kungathi kuzoba khona ummbila okwanele ngonyaka ozayo. Ukubopha inani lentengiso kubheka zonke izinto ezihambelana nokukhiqiza njengesimo sezulu, isimo somhlabathi (ukuvunda), ukudingeka kwalokhu kudla kubathengi, ukudla okusekhona nommbila osazokunikezwa; ukuqhathaniswa kokushintshana kwerandi nedhola, izimo zokukhiqiza ngaphesheya, intelo yemali ebolekiwe lapha kithi konke kusiza ukubopha leyo ntengiso.

Ikhwalithi lommbila odilivwe kumasayilo ngabakhiqizi lingaba phansi ngenxa imvula eningi ene ngesikhathi sokuvuna, kodwa kungenza ukuthi intengiso ye'spot' ikhuphuke lapho kutholakala ummbila omuhle. Khumbula ukuthi konke lokhu kungashintsha ngesikhathi kuvunwa ummbila ngonyaka ozayo ngoJulayi 2012.

KUBHALWE NGUMKHIQIZI OSUTHATHE UMHLALAPHANSI



Ukuphatha ukhula emmbileni ngokupheleleyo

KUBALULEKILE NJALO UKUHLOLA KAHLE UKUTHI KUKHONA INKINGA YOKHULA ETHIZE EPULAZINI LAKHO. IZINDLELA ZOKULIMA, IZINDLELA ZOKUBULALA UKHULA NGAMAKHEMIKELI NOKUSHINTSHANA KWEZINHLOBO ZEZITSHALO KUYAHLUKA EZIFUNDENI EZITHILE NASEMAPULAZINI ATHILE. KUNGENZEKA UKUTHI INKINGA YOKHULA EPULAZI LAKHO INGAFANI LUTHO NENKINGA YOKHULA KUMAKHELWANE.

Hlola njalo ukuthi kukhona izinhlobo zokhula ezinjani epulazini lakho bese uhlanganisa amakhemikheli afanelekile uwathele. Sicela ubheke kule tebula elingenzansi ukuthi kukhona izinhlobo zomuthi ezinjani ezitholakala lapha eNingizimu Afrika ezibulala ukhula ukhula emmbileni.

Umqobelo (into) osebenzayo

Amakhemikheli nezinhlanganiso zamakhemikheli ezitholakalayo zinomqobelo oyingqikithi obulala ukhula ofana notshani omila njalo ngonyaka noma ukhula olunamakhasi abanzi olumila njalo ngonyaka. Umqobelo osebenzayo uyikhemikheli elibulala ukhula ngokuvimba ukhula ukuthola ukukhanya kwelanga bese ukhula luyahluleka ukuqhubeka ukumila.

Lawa makhemikheli ayahlanganiswa lapho amasimu omkhiziqi anekinga ngotshani nangokhula olunamakhasi abanzi. Kwezinye izindawo ungaba nenhlanhla ngoba usebenzise uhlelo oluhle lokushintsha izinhlobo zezitshalo noma uphathe ukhula ngendlela efanelekile bese kuzoba khona inkinga yokhula olunamakhasi abanzi kuphela emasimini ommbila. Lapho ke uzolahla imali uma ufafaza utshani. Ukuhlola okuqondile kwenkinga yokho kuzokusiza ngezindleko zakho lapho ubulala ukhula.

Inani lesidaka emhlabathini wakho

Kuhle ukwazi ukuthi lingakanani inani lesidaka emhlabathini wangaphuzulu kuwo wonke amasimu epulazini lakho. Isilinganiso samakhemikheli sihambelana nesidaka emhlabathini – lapho inani lesidaka likhuphuka nenani lamakhemikhele liyakhuphuka. Lokhu kwenzeka ngoba isidaka simunca ingxenye yomqobelo isitshalo sokhula asitholi umuthi okwanele ukusibulala.

Ngubuphukuphuko ukungatheli inani lomuthi elifanelekile ehekthelini ngoba ufuna ukunciphisa izindleko zakwamanje ehekthelini. Umuthi on-

gasebenzi kahle uzokwenza ukuthi kulahleke umvuno omkhulu lo nyaka. Lapho kungathelwa umuthi okwanele kwenza ukuthi ezinye izinhlobo zokhula zingafi. Ngokuhamba kwesikhathi lezo zitshalo zokhula zizodinga umuthi/umqobelo ozofika ku-x 100 ukuzibulala.

Ngakho-ke wonke umuzi wokulima (zonke izifunda) uzosizakala lapho kulandelwa umlayezo wokuthela umuthi ngendlela efanelekile. Kubiza imali (nesikhathi) eningi ukuthola umuthi namakhemikheli amasha lapho umuthi othile ungasasebenzi kahle.

Isibonelo esingaphansi sikhombisa ukuthi inani lekhemikheli lishintsha kanjani lapho kushintsha inani lesidaka emhlabathini. Lapho sikhuluma nge-'acetochlor', ikhemikheli elibulala izitshalo ezifana notshani. I-'acetochlor' ivama ukusetshenziswa lapho ihlanganiswa nge-'safener'. Uma lokhu kuhlanganiswa ne-'acetochlor' kuvimba i-'acetochlor' lingabulali isitshalo sommbila – khumbula: ummbila uyisitshalo esifana notshani.

Pre - E noma *Pre-emergence* kusho ukufafaza amakhemikheli emhlabathini noma lapho bekungalinywanga khona kakhulu emva kokutshala kodwa ngaphambi kokuvela kwezitshalo emhlabathini.

Lapho kukhona izinhlobo zotshani ezimila kakhulu njalo ngonyaka emasimini athile kuzothelwa amakhemikheli amaningi futhi.

Izindleko zamakhemikheli ehekthelini elilodwa zingaqala ku-R97,50 esihlabathini (lapho kukhona isidaka esingu-0% - 10%) ziye ku-R150 emhlabathini onesidaka esiningi (41% - 55%).

Umvuno wommbila ongafika kumathani angu-4,5 ehekthelini ungaletha ingcebo efika ku-R7 200 ehekthelini. Ngakho-ke kungaba isiphukuphuko nje esizofuna ukulondoloza R60 ehekthelini uma sibheka ezinye izinkinga nezinguzi ezingavela. Siyaphinda sithi: hlola inkinga kahle wena nomphathi wamakhemikheli uphathe konke ngokufanele.

Isikhathi sokuthela umuthi

Kubalulekile futhi ukwazi ukuthi uzosebenzisa ziphi izinhlobo zomuthi ukuze uzokwazi ukulungisa umshini wokufafaza kusenesikhathi ngalowo nyaka. Umuthi ungathelwa emva kokutshala kodwa ngaphambi izitshalo zivela, ungathela futhi umuthi emva kokuvela kwezitshalo emhlabathini noma emva kokutshala lapho umhlabathi ulungiswe kahle. Umhlabathi olungiswe kahle usho umhlabathi omuhle onezintwanyana ezingeke zi-munce amakhemikheli.

Ithebula 1: Inani lokuthela elinikezwayo

Chemical	Umqobelo os- ebenzayo g/l	% Isidaka	Inani: amalitha/ha	Isikhathi sokuthela	Uhlobo lwesitshalo
Acetochlor (+ ZSafener)	840g/liitha	0 - 10	0,75 -1,00 l/ha	Ngaphambi kokuvela kwesitshalo	Utshani ngokwejwayelekile
		11 - 20	1,00 - 1,30 l/ha	Pre - E	
		21 - 30	1,30 - 1,65 l/ha	Pre - E	
		31 - 40	1,65 - 1,80 l/ha	Pre - E	
		41 - 55	2,0 l/ha	Pre - E	

Ithebula 2: Izinhlanganiso zomuthi ezikhona emakehthini

Ikhemikheli – lokho okusebenzayo	Inani (ama-gramu elithini)	Inani elithelwayo maqondana nenani lesidaka	Isikhathi sokuthela	Izinhlobo zezitshalo zokhula
Acetochlor	750/900 g/l	0,9 to 2,7 l/ha	Ngaphambi kokumila.	Kakhulukazi utshani omila njalo ngonyaka.
Acetochlor (+ 'safener')	700/840 g/l	0,7 to 2,7 l/ha	Ngaphambi kokumila.	Kakhulukazi utshani omila njalo ngonyaka.
Actochlor/atrazine/propazine	96/202/202 g/l	3,25 to 7 l/ha	Ngaphambi kokumila. Thela ensimini elungiswe kahle.	Ukhula olunamakhasi abanzi olumila njalo ngonyaka nezinhlobo zotshani ezithile.
Acetochlor/atrazine/simazine (+ 'safener')	160/165/165 g/l	3,25 to 7,5 l/ha	Ngaphambi kokumila. Thela masinya ensimini elungiswe kahle.	Ukhula olunamakhasi abanzi olumila njalo ngonyaka nezinhlobo ezithile ezifana notshani.
Acetochlor/atrazine terbutylazine (okunakho noma okungenakho ama'safeners'). Kukhona izinhlanganiso eziningi	125/187,5/187.5 g/l	2.75 to 5 l/ha	Ngaphambi kokumila.	Izinhlobo zokhula olunamakhasi abanzi nezizinhlobo zotshani ezithile.
Alachlor	480 g/l	3,2 to 4 l/ha	Ngaphambi kokumila. Thela masinya ensimini elungiswe kahle. Ungabolinda izinsuku ezindlula ezimbili.	Izinhlobo zotshani eziningi ezimila njalo ngonyaka.
Alachlor/atrazine Izinhlanganiso eziningi	336/144 g/l	5,5 l/ha	Ngaphambi kokumila. Thela masinya ensimini elungiswe kahle. Ungatheli emhlabathini onesidaka esingaphansi kwa-16%.	Izinhlobo zokhula olunamakhasi abanzi nezinhlobo zotshani ezithile.
Ametryn	500 g/l	2,5 to 3 l/ha	Emva kokumila. KwaZulu-Natal kuphela.	Izinhlobo zokhula ezinamakhasi abanzi nezinhlobo zotshani ezithile.
Atrazine Izinhlanganiso zomuthi ezinezinhlobo zomuthi eziningi ezisebenzayo	500 g/l	2,5 to 5 l/ha	Thela kukhula olumila ngokuphelelo.	Kakhulukazi ukhula olunamakhasi abanzi olumila njalo ngonyaka.
Atrazine/cyanazine	250/250 g/l	2,25 to 4,25 l/ha	Ngaphambi kokumila noma masinya emva kokumila.	Kakhulukazi ukhula olunamakhasi abanzi olumila njalo ngonyaka.
Bromoxynil	225 g/l	1,5 to 2 l/ha	Thela lapho ukhula seluthwase ngokugcwele.	Kakhulukazi ukhula olunamakhasi abanzi olumila njalo ngonyaka.
2-4D (dimethylamine salt)	480 g/l	2,7 to 5,4 l/ha	Thela emva kwezinsuku ezingu-5 - 6 lapho utshalile ensimini emanzana.	Kakhulukazi ukhula olunakhasi abanzi olumila njalo ngonyaka.
EPTC (+ 'safener')	720 g/l	2 to 4 l/ha	Thela ensimini elungiswe kahle ufake umuthi kahle emhlabathini.	Kakhulukazi izinhlobo zotshani ezimila njalo ngonyaka, ezinombala obunsomi noma eziluphuzi.
Metolchlor (+ 'safener')	915 g/l	0,75 l/ha	Ngaphambi kokumila. Thela ensimini elungiswe kahle, kodwa ungalingi izinsuku ezintathu emva kokutshala.	<i>Mainly annual grasses, yellow nutsedge.</i>

Cabanga ukusebenzisa umshini ofafazayo ukubulala ukhula

EMVA KOKUTSHALA NGESIKHATHI ESISUKA KUOKTHOBA ESIYA KUDISEMBA 2010 IZINDAWO EZININGI LAPHO KUTSHALWA KHONA UMMBILA ZITHOLE IMVULA ENINGI. EMAPULAZINI AMANINGI LOKHU UKUNA KUVIMBE ABALIMI UKUBULALA UKHULA NGAPHAKATHI KWEMISELE YOMMBILA.

Labo balimi abahlulekile ukusebenzisa amakhemikheli ngaphambi kokumila kwezitshalo ukubulala ukhula nalabo abahluleke ukufafaza emva kokumila kwezitshalo, bazoba nenkinga enkulu ngonyaka ozayo ngokhula. Izitshalo zokhula ezikhulile ezithole izimbewu manje zizosakaza lezo zimbewu kuwo wonke amasimu ngohlobo ozayo.

Abakhiqizi abangasebenzisi imishini kakhulu lapho kulinywa (*minimum till*) nabo babe nezinkinga eziningi emasimini lapho imishini yayingakwazi ukusebenza ngaphambi noma ngemuva ukutshala. Ngakho-ke kubalulekile ukuhlola kahle emasimini lapho kuzotshalwa khona ukubona ukuthi ukhula olunhlobo onjani uzomila kuziphi izindawo. Umuthi namakhemikheli afanelekile bese angathengwa – xoxa nomphathi walezo zinto uthole umlayezo.

Ezindaweni eziningi imvula iphinde yafika ngaAgosti, manje lokhu kuzophinda futhi kuvimbe umlimi ukubulala ukhula ngemishini emasimini noma ukusebenzisa amakhemikheli ngonyaka ozayo. Uma sibheka konke lokhu, fuhti uma wena wayesebenzisa imishini ukubulala (ukuhlakula) ukhula kuphela, kungabangcono ukucabanga ngokuthenga umshini ofafazayo (*spray rig*).

Izinhlobo zemishini ezifafazayo

Imishini enezinhloko ezintathu

Emakhethini kungatholakala imishini ehlukeni – kukhona imishini eboshelwa kulezo zinhloko ezintathu zikagandaganda ezinamathangi angu-600 litha aya ku-1 000 litha enemikhono (izingalo) esuka ku-12 m eya ku-16 m. Imishini enamathangi angathatha amalitha angu-1 000 ifanele isetshenziswe kuphela kugandaganda onezinhloko ezikwazi ukuphamisa amathani angu-1,5 noma ngaphezulu.

Imishini eyakhiwa lapha ezwini lethu ayiduli kakhulu futhi ama'spare' atholakala kalula ngesikhathi sokutshala. Uma uthenga umshini ovela phesheya qinisa ukuthi umthengisi uyakwazi ukugarantiya wena uzokwazi ukuthola amaphampu amasha, amadayifremu namanozili ahlukene njalo lapho uyawadinga. Indlela eyodwa yokufafaza umuthi idinga amanozili afanele leyo ndlela – iphetheni lokufafaza nokuvuleka kenozili. Ukulinganisa kokucindezela enozilini elilodwa kubalulekile ngoba kufanele kuphume iconsi elithile elihambelana nohlobo lokhula, nohlobo lomuthi.

Umshini odonswayo

Uma ukwazi ukuthenga umshini odonswayo kuzokulethela izinsizo ezahlukene lapho uzilinganisa nomshini oboshwa ngezinhloko ezintathu. Ukudleka kwamahayidroliki kugandaganda kuyehla futhi ugandaganda usebenza kangcono ngoba awunamthwalo oqinisa umhlabathi. Izinhlamvu ezikwazi ukuthatha amalitha angu-2 000 zenza ukuthi ungafafaza indawo enkulu ngaphambi kokugcwalisa futhi ngenhlanganiso yomuthi. Khumbula ukulinganisa ubanzi bamasondo omshini ahambe ngokulingana nemisele yepulantela futhi wena oshayelayo ukwazi ukushintsha indlela umshini usebenza ngayo.

Ngokuvamekile kusetshenziswa inhlanganiso ethangini elingana namalitha angu-200 ifafazwa ehekthelini elilodwa. Kanjalo ithangi elinezinhloko ezintathu elithatha amalitha angu-600 lizofafaza amahektheli amathathu ngaphambi kokugcwalisa futhi ukuze ukwazi ukuqhubeka ukufafaza.

Lapho ucabanga ngokufafaza umuthi obulala ukhula, kufanele ucabange ngalokhu okulandelayo: ingakanani indawo efanele ifafazwe, unesikhathi esingakanani sokufafaza, kukhona amanzi akwenele ukuhlanganisa umuthi, inani likagandaganda nemishini – nenqolwane elinethangi elingathatha amalitha angu-5 000. Kuzokusiza futhi ukufaka impomphi kulelo thangi ukuze uzogcwalisa amanye amathangi masinya.

Kufanele uzilungisele kahle ngaphambi kwesikhathi nokuphatha kahle yonke imishini yakho ukuze ungangeni enkingeni emasimini ngesikhathi sokutshala. Ngezikhathi zamanje kunzima ukuthola inzuzo ekulimeni uma ungenalo ulwazi olukhulu maqondana nokuphatha ukhula ngamak-



5 Ukuphatha ukhula emmbileni ngokupheleleyo



hemikheli, ukufafaza lowo muthi ngendlela efanelekile nangemishini efanelekile. Njalo, cela usizo kulabo abanolwazi nabangcweti bakusize ngokuthela nokufafaza amakhemikheli abulala ukhula nezilokazane.

Lapho ungenawo ugandaganda onamandla okwanele noma ungenayo imali yokuthenga le mishini, cabanga ukuqasha umkhontilaki onomshini omkhulu ofafazayo. Labo bantu bavama ukubiza imali esuka ku-R65 eya ku-R100 ehethelini bese kufakwa nezindleko zedizili. Amasimu amakhulu angafafazwa emini nasebusuku nogokusebenzisa uhlelo lwe-GPS. Kodwa, ngaphambi kokungena enkontilakini, qinisa ukuthi umkhontilaki uzokwazi ukufika ngesikhathi esibekiwe, futhi uzofika ngesikhathi esifanelekile lapho kudingeka afike futhi ukuthi kuzodingeka imishini enjani ezonikezwa umlimi noma umkhontilaki. Khumbulani, abanye abankontilaki abanalo ithangi lokuletha amanzi noma amaloli. Lapho ungakwazi ukulinganisa amanzi adingekayo nomuthi ofanele ufafazwe uzolwa nomkhontilaki naye uzolwa nawe – umsebenzi uzokuma.

Kufanele ulinganise izindleko zokuthenga imishini yakho, ukuba nekhono lokufafaza ihekheli elithile ngesikhathi esifanele wena nezindleko zokuqasha umkhontilaki zokwenza lowo msebenzi wokufafaza. Okunye mhlawumbe okungakusiza yilokhu: abaningi abankontilaki banalo ulwazi maqondana nezinhlobo nezinhlanganiso zamakhemikheli ezisesetshenziswayo ngokwamanje.

Kuzokusiza ukuhlola sonke isikhathi ukuthi kufafazwa kanjani. Kungakusiza futhi ukuxoxa nabaluleki abasebenzela izinkampani ezahlukene ezithengisa amakhemikheli bese uzokwazi ukulinganisa izindleko zamakhemikheli ehethelini nokusekela kwalezo zinkampani ezithengisa amakhemikheli. Khumbula ukuthi abanikezi bamakhemikheli basebenza kakhulu ngesikhathi sokutshala bese abangeke bakwazi ukusekela bonke abalimi abanekinga ngokuhlanganisa amakhemikheli ethangeni. Uma ungenabo ubungcweti kungenzeka ukuthi uthole amakhemikheli kancane noma kakhulu.

KUBHALWE UMLIMI OSUTHATHE UMHLALAPHANSI

Lapho kufafazwa umuthi ngesikhathi sokutshala noma masinya emva kokutshala, umkhiqizi angakhetha ukulinganisa ipulantela lakhe ngendlala umuthi ufafazwe kabanzi kuyo yonke imisele lapho kutshalwe khona noma endaweni encane ngaphezu komsele owodwa. Enye indlela yilokhu: umshini wokufafaza ungangeniswa ensimini masinya emva kokutshala. Kanjalo kuzoba khona isikhathi esikwanele sokwenza umsebenzi wokufafaza emva kokumila kwezitshalo zokhula.

Indlela yokusebenza izohambelana kakhulu nogandaganda neminye imishini umkhiqizi enazo noma eziqashwayo. Lapho kwakhiwa amasu okuqhubekisa umsebenzi kufanele kubhekwe izinto ezahlukene njengekuba nesikhashana esimfushane sokuqeda ukufafaza ngoba imvula ina kakhulu, ngendlela engajwayelekile.

Izibonelo zezinhlanganiso zomuthi ezitholakala emakhethini zikhonjiswa ngaphansi. Lapho ungumkhiqizi noma ungumphathi wepulazi thola ulwazi maqondana namakhemikheli abalulekile. Emakhethini kukhona umuthi ohlukene onamagama amaningi amahle kodwa onke anenhlanganiso yemithi esebenzayo ngendlela efanayo. Uma ulinganisa izintengo zezinhlobo zemithi ezihlukene bheka futhi amandla zalezo zinhlanganiso bese uthola inani lentengiso ulilinganise nalokho okusemthini okusebenzayo ukuze uthole izindleko ngelitha uzilinganise.

Kuyakhanya kahle lapho sibheka izibonelo ezingaphezulu ukuthi umkhiqizi unomthwalo omkhulu ukungalehlekele ukusebenzisa zonke izinhlanganiso zomuthi ezikhona emakhethini. Ngaphezu kwalokhu umkhiqizi ufanele ahlole konke lokhu aqonde ukuthi uzothela umuthi ongakanani nangasiphi isikhathi emhlabathini onjani lapho kukhona ukhula olufanele luphathwe ngendlela efanelekile. Kungcono njalonjalo ukuxoxa nomuntu onobungcweti lapho unenkinga nemithi yokubulala ukhula.

KUBHALWE NGUMKHIQIZI OSUTHATHE UMHLALAPHANSI



PULA IMVULA

Leminigwane yenziwe
ngabakwa Maize Trust.

GRAIN SA

PO Box 88, Bothaville, 9660
▶ (056) 515-2145 ◀
www.grainsa.co.za

UMPHATHI WEPHROGRAMU

Jane McPherson
▶ 082 854 7171 ◀

OQOBELELANA NOLWAZI: UKUQEESHA NOKUTHUTHUKISA

Willie Kotzé
▶ 082 535 5250 ◀

OQOBELELANA NOLWAZI: FIELD SERVICES

Danie van den Berg
▶ 071 675 5497 ◀

UKUSAKAZA: PULA-IMVULA

Debbie Boshoff
▶ (056) 515-0947 ◀

ABAHLANGANISI BEPROVENSIS

Daan Bosman

Mpumalanga (Bronkhorstspuit)
▶ 082 579 1124 ◀

Johan Kriel

Free State (Ladybrand)
▶ 079 497 4294 ◀

Tonie Loots

North West (Zeerust)
▶ 083 702 1265 ◀

Jerry Mthomboti

Mpumalanga (Nelspruit)
▶ 084 604 0549 ◀

Lawrence Luthango

Eastern Cape (Mthatha)
▶ 083 389 7308 ◀

Jurie Mentz

KwaZulu-Natal and Mpumalanga
▶ 082 354 5749 ◀

Ian Househam

Eastern Cape (Kokstad)
▶ 078 791 1004 ◀

UMSHICILELI

Infoworks

▶ (018) 468-2716 ◀
www.infoworks.biz



IPULA IMVULA ITHOLAKALA NGALEZI ZILIMI EZILANDELAYO:

IsiZulu,

IsiNgisi, IsiBhunu, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, IsiXhosa.

Isikhathi sokuhlola ukuqina komhlabathi

**NGESIKHATHI SOHLOBO LONYAKA IMVULA INE
600 - 2 000 MM EZINDAWENI LAPHO KUT-
SHALWA KHONA UMMBILA, KWEZINYE IZINDA-
WO KUNE-50 MM KUYA KU-75 MM NGOSUKU.
LOKHU KUDALA UKUSINDA EMHLABATHINI
KWAMANZI BESE UMHLABATHI UYAQINA UGC-
WALA NGAMANZI.**

Okunye okwenzekayo yilokhu: ukusinda kwemishini evunayo, ogandaganda, ukuhamba kwamasondo lapho kuvunwa nezinqola ezithutha ummbila ngesikhathi sokuvuna kuzokwenza ukuthi umhlabathi uqine ngaphezu kweminye iminyaka lapho kungekho imvula eningi kangaka.

Izinkomo ezifakwa emasimini ommbila ukudla izinhlanga ezisele nazo zizoqinisa umhlabathi lapho unamanzi omningi. Lapho kukhona amanzi amaningi kabi emasimini ungazama ukuripha ngaphambi kokutshala noma ngesikhathi sokutshala, mhlawumbe lokhu kungakusiza ukutshala ngesikhathi esifanelekile.

Ngalo nyaka bekubanda kakhulu ebusika futhi kwezinye izindawo izulu belina, ngakho-ke umhlabathi wayengakwazi ukoma ngokufanelekile. Kungakusiza ukuhlola isimo sohlangothi somhlabathi lapho ufuna ukutshala ummbila, bese ungasebenzisa umshini wokuripha ukuxegisa izindawo eziqinile ezingaphansi kom-

hlabathi ongaphezulu. Umsebenzi lona uzosiza futhi ukungenisa umoya emhlabathini (kubalulekile lokhu). Ama'bakteriya' omhlabathi nama'microbe' aphila kuphela endaweni yangaphezulu emhlabathini efika ku-150 mm - 180 mm ngokujula.

Igama elithi 'aerobic' lisho ukuthi kukhona umoya ne-oksijeni, inayithrojeni nomoya one'carbon dioxide' lapho kuxegiswe umhlabathi. Umsebenzi wokuripha ubalulekile ngoba usiza ama'bacteria' ukubolisa izinhlanga zomvuno wonyaka odlule ngaphambi kokutshala izitshalo ezinsha. Umsebenzi wama'bacteria' uzoqala lapho ukushisa komhlabathi uqala ukwanda ekugcineni kwaAgosti kuye kuSeptemba kuze kufike kuOkthoba.

Siyaphinda futhi sithi kubalulekile ukuthi umsebenzi wokuripha wenziwe masinya emva kokugcwala komhlabathi ngamanzi. Lapho ukuripha kungenziwa ngesikhathi esifanelekile kuzokwenza ukuthi ukuqina komhlabathi kwande, akungeke kwehle. Umkhiqizi kufanele ashintshe imishini yakhe ukuze ayisebenzise ngendlela ezomlethela umphumelo omuhle.

Umsebenzi wokuphatha nokulungisa (mhlawumbe nokushintsha) amapulantela ongazange wenzeke ufanele uqedwe ekuqaleni kwaOkthoba.



**KUBHALWE UMKHIQIZI OSUTHATHE
UMHLALAPHANSI**



Sizimisele ukukhipa incwadi enhle kakhulu. Uma ufisa ukuxoxa ngokuphakathi noma ngendlela kubhaliwe ungathintana noJane McPherson.